




Qalajj impilo entsha!
Izembe lokwahlulela kukaNkulunkulu lisezimpandeni zezihlahla...
Yileso naleso sihlahla esingatheli izithelo ezinhle sizonqunywa siphonswe emlilweni!
Nathi sonke singanqunywa. Ngubani ongakwazi ukuphila impilo enhle na?
Kunjalo! Akekho noyedwa ongasinda ekwahlulelweni kukaNkulunkulu. Kodwa emva kwami kukhona ozayo ongashintsha impilo yakho.
Uma ufuna ngempela ukuthi impilo yakho Ikhuluhwe, vuma izono zakho bese uza kulamanzi ubhabhadiswe.
Manje usuhlanziwe ezonweni zakho ukuba uqale impilo entsha!


Wonke umuntu ubiza umshumayeli osemfuleni ngokuthi uJohane umbhabhadisi...
Angikbalulekile mina. Ngilungiselela yena indlela ozosikhombisa ukuthi ungubani uNkulunkulu. Uzokubhabhadisa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu nangomlilo. Lokhu kuyoshintsha impilo yakho ngokuphelele.
Kwase kwenzeka.
Ngifanele ngibhabha-diswe nguwe!
Kwenze ngangoba sizobe senza lokho uNkulunkulu akufunayo.
Baba wethu osezulwini, umbuso wakho mawufike emhlabeni intando yakho mayenziwe!
Kwavela izwi ezulwini lithi...
Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo.





Kwakungasekuqaleni kwesikhathi somlando wethu lapho uJohane umbhabhadisi elungiselela isizwe sakwaIs-rayeli ukufika koMsindisi. Ngalesosikhathi isizwe sakwaIsrayeli sasiyingxenye nje yesizwe esikhulu sombuso wama Roma.
iKapernawumem
iGalile
iNazaretha
iKhana
iJordani
iJerusalema
iJudea
AmaJuda ezweni lakwaIsrayeli ayezizwa ukuthi acindezelekile. Abantu babelindele isikhathi sokufika kukaMesiya. UnguMsindisi Ok-wakuprofethiwe ngaye ezincwadini ezindala zamaJuda. LoMsindisi uyophumelelisa ukulunga kukaNkulunkulu.
Emfuleni iJordani uJohane umbhabhadisi ukhomba uJesu...
Bheka! Nanti iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zonke zomhlaba...
Emva kokubhabhadiswa kukaJesu uMoya kaNkulunkulu waholela uJesu ehlane.
Wahlala khona izinsuku ezingu-40 nobusuku bakhona. Ekhona lapho wayengadli, wayengaphuzi lutho. Wayethandaza ezilile ukuze akwazi ukubona kahle konke okungumsebenzi wakhe.
Ukuze kuphumelele, uJesu kwakufanele ezenze zibonakale kahle izinjongo zikaNkulunkulu emhlabeni wonke.
Kulicebo likaNkulunkulu ukuthi abantu bakhululwe endleleni yokufa.
Yebo Baba, ngizokwenza lokhu okushoyo.
UJesu umelana noSathane, umbusi ongabonakali wobumnyama, obusa izwe ngokufa nangokubola.



Kodwa uSathane, isitha sakhe, uzama ukunika uJesu imicabango ukuba imdukise uJesu endleleni eyisimiso sikaNkulunkulu.
*Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, guqula lamatshe abe-yisinkwa!*
Chabo! Kulotshiwe eMbhalweni ukuthi : Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.
*Uma uyiNdodana kaNkulunkulu ngempela, ziphonse phansi, ngokuba kulotshiwe ukuthi : Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikuthwale ngezandla!*
Kulotshiwe futhi ukuthi : Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.
*Uma uguqa phambi kwami, ukhuleka kimi, ngizokunikeza onke amandla emhlabeni!*
Suka Sathane! Ngokuba kulotshiwe ukuthi : Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.
USathane wayesemshiya ; bheka, kwafika izingelosi, zamkhonza...
UJesu ugcwele uMoya oNgcwele ngesikhathi esebuyela eGalile, wayekhulile kulesisizwe esintengentengayo enyakatho yesifunda sakwaIsrayeli. Ngesikhatihi ehamba abantu abaningi bamlandela. Babeshisekela ukwazi ukuthi ngabe uJesu unguMesiya okwakuprofethwe ngaye.



Kodwa-ke naphakathi nomcimbi...
Hawu sinenkinga! Iwa-yini liphelile...
Yenza lokhu uJesu akutshela khona.
Gcwalisa izimbiza ngamanzi bese ninikeza umnikazi womcimbi aphuze.
?
Amanzi? Kodwa yiwayi-ni! Elimnandi!
Yizwa! Ugcinile leliwayini elimnandi kuze kuyophela umcimbi!
Angikaze ngikuzwe lokhu! Angikaze ngibe semshadweni onjengalona phambilini. Amanzi aphenduka iwayini elimnandi! Iwayini elingcono!
Kungumsebenzi kaJesu waseNazaretha!
Ungubani yena?



IKapernawume, yindawo ekudwebeni ngechibi layo eliseGalile.
Kusukela ngaleso sikhathi uJesu waqala ukushumayela kubantu ngombuso kaNkulunkulu!
Futhi lapha uJesu ukhetha abafundi bakhe bokuqala.
Petru, hambisa umkhumbi uye lapho kujule khona, bese uphonsa amanetha laphaya.
Nkosi, sisebenzile ubusuku bonke kodwa asibambanga lutho.
Kodwa uma usho kanjalo, kulungile...
Hawu! Angikukholwa lokhu!



UJesu wahamba lonke izwe laseGalile nabafundi bakhe. Babetshela bonke abantu ngombuso kaNkulunkulu. Wayelapha zonke izinhlobo zezifo, ekhipha amademoni, abantu babemangala bamlandela. Babesuka ngisho nasezinxenyeni zezwe naseJerusalema okuyinhloko yedolobha lakwaIsrayeli. Babambelela ezwini lakhe.
Babusiswe abampofu, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.
Babusisiwe abalambele ngokuba bayakusuthiswa.
Babusisiwe abakhalayo ngokuba bayakududuzwa.
Nibusisiwe uma beniphatha kabi ngenxa yegama lami; jabulani nithokoze ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini.



Yenza lokhu okuthandayo abantu bakwenze kuwe.
Thanda izitha zakho, uzikhulekele.
Yenza okuhle ekusithekeni, yikhona ungeke wabukwa.
Yilowo nalowo obona owesifazane amkhanuke ngenhliziyo usephingile.
Iso lingukukhanya komzimba. Uma iso lakho libuka kahle, nomzimba wakho usekukhanyeni, kodwa uma iso lakho lififiyela, nomzimba wakho usebumnyameni.
Akekho ongakhonza amakhosi amabili : kungaba uNkulunkulu noma ingcebo.
Ungazikhathazi ngekusasa. Naka umbuso kaNkulunkulu kuqala bese kulandela okunye.
Uma ulandela amazwi ami, ufana nomuntu owakha indlu yakhe phezu kwedwala. Uma kungenjalo, ufana nomuntu owakha indlu yakhe esihlabathini.



Ngelinye ilanga abantu babengunga indlu kaJesu eKapernawume…
Angeke sikwazi ukufinyelela.
Kufanele kube-nguphahla, umbhede nakho konke!
Kwenzekalani laphaya phezulu?
Bayekele! Labobantu banokukholwa okukhulu.
Izono zakho zithethelelwe!
kunjani ngaye. Nizwile lokho na?
Uklolodela uNkulunkulu.
NguNkulunkulu kuphela ongakhulula umuntu ezonweni.
Yikuphi okulula esingakusho kulendoda eshwabene uhlangothi : Izono zakho zithethelelwe, noma sukuma?
UMesiya unegunya lokuthethelela izono. Kodwa ngithi futhi : Thabatha uhlaka lwakho uhambe!



Akukholakali!
Uyazihambela!
Yebo! Ngiyahamba!
Kodwa kwakungeyibo bonke abantu ababethokozile ngezenzo zikaJesu. Abefundisi abakhulu babebhekisisa ukuthi uJesu uyawugcina yini umthetho wesabatha. Ngalolusuku kwaIsrayeli kwakungafanele ukwenza nanoma yiluphi uhlobo lomsebenzi.
Lena indoda enesandla esishwabeneyo. Kungabe kuvumelekile ngalolosuku ukwenza okuhle na?
Yelula isandla sakho!
Hawu! Ngiphilisiwe!
Kufanele siqede ngaye!
Izikhulu zaseJerusalema kufanele zitshelwe ukuthi udukisa isizwe!



Kwakukhona indoda eyayiphethwe amademoni eyayihlala ezintabeni...
Uyeza!
Nguye! Awu!
Hawu, hawu, Jesu!
Phuma kulomuntu, moya ongcolileyo!
Nginamsebe-nzi muni nawe, Ndodana kaNkulunkulu ophezukonke?
Ungubani igama lakho?
NginguLegiyona, ngokuba sibaningi.
Masiye kuleziya-zingulube.
Hamban i!



?
Ngiphilisiwe ngokuphelele!
hamba! Usiyeke!
Ngingeza na?
Cha-bo, hamba uye ekhaya kwabakini, ubatshele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona, yakuhawukela!



Ngiyanitshela : iNodana ayikwazi ukwenza utho ngokwayo. Yenza lokhu ekubona kuYise ekwenza. Angizamanga ukwenza intando yami kodwa ngenza intando kaBaba wethu osezulwini. Okunguyena owangithumela.
UJesu wayekujwayele ukuya endaweni ethule ukuba ayokhuleka.
Emva kobusuku bokuthandaza kwakhe wakhetha abafundi bakhe abayishumi nambili. Wabathumela ngababili ngababili. Wabanikeza amandla okubhekana namademoni kanye nezifo.
Nazi izelamani uPetru kanye noAndreya...
Izelamani uJakobe noJohane...
UFiliphu noNathaniyeli...


UTomase noMathewu (owaba-ngumthelisi phambilini embusweni wamaRoma).
UThadewu nomunye uJakobe...
USimoni isishekeli sokulwa noJuda Iskariyothe.
Hambani, oyokwamukela nina, wamukela mina, futhi oyokwamukela mina, wamukela uNkulunkulu ongithumile.
Abafundi bakaJesu abayishumi nambili babuya bejabula ngokushumayela kwabo. Emva kwalokhu uJesu wafuna ukuya endaweni ethule nabo, kodwa izixuku azimshiyanga yedwa.
Isivuno sikhulu kodwa abasebenzi abakhona bambalwa. Khulekani eNkosini yesivuno ukuba inithumele abanye abasebenzi ukuhlanganyela ekuvuneni.


UJesu uyakhuluma, futhi uyaphilisa. Ilanga seliyashona...
Filiphu, bazokuthola kanjani ukudla lababantu abangaka na? Kungani ungabaphi okuthile?
Inkokhelo yezinyanga eziyisishiyagalombili ngeke yabanela lababantu!
Kukhona umfana onezinkwa ezinhlanu kanye nezinhlanzi ezimbili ezincane. Yilokho kuphela.
Hlalisani abantu ngamaqembu babenga 50 eqenjini.
UJesu ubonga uNkulunkulu...
Wahlephula izinkwa nezinhlanzi.



Kwasuthiswa izinkulungwane zabantu njengoba uJesu wayekuhlukanisele ukudla.
Kufanele kube-nguMesiya okulindelwe ukuba afike.
Sizomenza iNkosi!
Bheka nje! Kusasele imiphongolo eyi 12!
Sekuyisikhathi sokuthi abantu bahambe. Thathani umkhumbi siye kwenye indawo. Ngizosala lapha entabeni ukuba ngikhuleke.


Kunabantu abafuna ukumbeka uJesu abe-yinkosi. Bayathemba ukuthi ngobuholi bakhe umbuso wamaRomani ungakhishwa. Abamelene noJesu nabo babeqhubeka ukwanda. Babeqhubeka ukumgxeka. Babefuna ukuthumela abantu abamelene naye ukuze bambulale.
Mfundisi, ufike nini lapha na?
Ingabe nifuna Mina ngenxa yesinkwa engakunika sona na?
Ningakhathazeki ngokudla okubolayo kodwa khathazekani ngokudla okuyohlala futhi kube-yimpilo yaphakade.
Mina ngiyisinkwa esininikeza ukuphila okuphakade. Ngumzimba wami onikezwe impilo yomhlaba wonke.
Ingasinika kanjani lendoda umzimba wayo ukuba siwudle na?
Kuyisinengiso!
Asihambeni!
Uyasikhohlisa sonke.
Anifuni yini ukusuka nani na?
Nkosi, sizohamba siye kubani na? Nguwe onamanzwi okuphila okuphakade!




Abamelene noJesu bayanda kakhulu. UJesu washiya indawo yaseGalile futhi waqhubeka nomsebenzi wakhe kwezinye izindawo kwaIsrayeli ekanye nabafundi bakhe, abesifazane nabesilisa.
Galile
iJerusalema
Israeli
Kamuva waya eJerusalema.
Ngesikhathi behamba...
Abantu, bacabanga ukuthi ngingubani na?
Bacabanga ukuthi ungomunye wabaprofethi.
Nina-ke?
Nicabanga ukuthi ngingubani na?
UnguMsindisi, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.
Ningatsheli muntu. UMesiya kufanele aye eJerusalema ukuba ahlupheke futhi afe. Kodwa ngosuku lwesithathu uzovuka ethuneni.



Ngaphandle edolobheni laseJerualema abantu babulewe. Babethelwe, okuyisihlungu, isigwebo wentamba samaRoma.
Uma umuntu engithanda, kufanele azidele, athabathe isiphambano sakhe angilandele.
Obambelela empilweni yakhe uzolahlekelwa yiyo, kodwa olahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yami, uyozuza.
Kufanele ukwazi lokhu, kukhona uNkulunkulu oyedwa.
Into ebalulekile ukuthi uthande uNkulunkulu ngakho konke onakho, futhi uthande bonke abantu njengalokhu uzithanda wena!





Hambani, niyoziveza kumpristi!
Sihambe siye kumpristi na? Siyohlolwa yini?
Kungabe kulapho yini esingaphulukiswa khona?
?
!
Bheka. Ngiphilisiwe!
Siphilisiwe!
Yebo!
Haleluya! UNkulunkulu unomusa!
Beningesilo yini ishumi eniphilisiwe na? Baphi abanye? Abezanga ngani ukuzobonga kuNkulunkulu?
Sukuma! Ukukholwa kwakho akuphilisanga wena kuphela, kodwa kukusindisile.



Izikhulu zamaJuda zaseJerusalema zathumela izisebenzi zazo kuJesu ukuba zihlebe ngaye ngalenkathi ehamba. Babephikisana nokwenza kwakhe.
UJesu uzihlanganisa nabantu abanezenzo ezimbi njengeziphingi, nabathilisi abenza inhlanganyelo namaRomani...
UMesiya uze ukuzofuna abalahlekileyo nokubasindisa.
Ngoba uJesu uphulukisa ngesabatha...
Phulukiswa!
Futhi nezingane zanakekelwa kakhulu nguye...
Vumelani abantwana beze kimi. Ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.



UJesu wabizwa eBethaniya, indawo engekude kakhulu neJerusalema
ULazaru uyagula.
ULazaru nodadewabo ababili uMarta noMariya babengabangani abakhulu bakaJesu.
Ngenkathi uJesu efika eBethaniya wezwa ukuthi uLazaru sekudlule izinsuku ezine engcwatshiwe.
Nkosi!
Nkosi, ukuba ubukhona ngabe umfowethu akafanga!
Umfowenu uzovuka futhi, Marta.
Yebo ngiyazi, uzophila futhi ekuvukeni kwesibili osukwini lokugcina.
Mina ngingukuvuka nokuphila, noma yimuphi okholwa yimi wophila. Uyakholwa yilokho, Marta?
Yebo Nkosi! Ngiyakholwa unguMsindisi okwathenjiswa ngaye ukuthi uzofika emhlabeni, iNdodana kaNkulunkulu.
Nimngcwabe kuphi?
Woza ubone, Nkosi!



Awubheke; Wamthanda ngempela.
Kodwa, ubengeke yini abuvikela ukufa kukaLazaru?
Nakhu lapho izidumbu zimbozwe khona ngezindwangu, zabekwa emhumeni.
Susani itshe!
Nkosi, kuzonuka, besekuphele izinsuku ezine...
Uzobona inkazimulo kaNkulunkulu.
Baba, ngisho lokhu ukuze abantu bazokholwa ukuthi ngithunywe nguWe.
Lazaru phuma!
Mkhumuleni izindwangu zokufa, bese nimyekele ahambe.



Ababusi baseJerusalema bakhathazeka kakhulu ngendaba kaJesu nabafundi bakhe.
Lendoda yenza izimangaliso eziningi.
Uma siyeka lokhu kuqhubeka amaRoma azothatha zinyathelo!
Bazokona ithempeli lethu kanye nesizwe sethu!
Sebenzisani imiqondo yenu, kungcono ukufa komuntu oyedwa kunokufa kwesizwe sonke.
Yingakho uJesu ezokufa!
Kusukela ngalesosikhathi abapristi abakhulu bamaJuda babheka ithuba lokubophisa uJesu kumaRoma. Kwakuyiwona kuphela ayenegunya lokugweba intambo.



Sekuzoba isikhathi somkhosi wePhasika.
Izixuku zabantu ziya eJerusalema.



EJerusalema abapristi abakhulu benza icebo lokumbamba uJesu. Nokho wayevele esendleleni eya eJerusalema.



Abantu bahalalisa, lapho bemhlangabeza.
Halala!
Halala!
Mayiphile phakade leNdoda eza egameni likaNkulunkulu!
INkosi yamaIsrayeli!
Wonke umhlaba ulandela Yena.
Asiphumeleli ngalendlela.


Ithempeli elisedolobheni liyindawo yokudumisa nokukhonza.
Ngesikhathi somkhosi wePhasika amawundlu ayebulawa.
Amawundlu ayenikelwa ethempelini ukuba kubuyisane abantu noNklulunkulu.
Kodwa yiliphi iwundlu eliwumhlatshelo elingakhulula abantu ezonweni zabo?
Enkundleni yethempeli abantu bamatasatasa bayadayisa, bayashintshelana ngezimali.
UJesu wayelapho...



Indlu kaNkulunkulu iyindlu yokukhuleka kodwa niyenza umhume wabaphangi!
Uyingozi, bonke abantu bayamlandela.
Kumele simsuse ngokushesha!


Uma simphamba kuzobalula ukuba simthole. Khona manjalo singamthola simbulale.
Kodwa hayi ngesikhathi somkhosi. Asifuni inkinga ngesikhati somkhosi wePhasika.
Niyakunginika malini ngokumkhaphela kini na?
yena uJuda, ungomunye wabafundi bakaJesu!
Ngiyakukhaphela ngoJesu kini!
Sizokunikeza izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu; intengo yokudayisa isigqila.



Nkosi, uzogeza izinyawo zami njengesigqila na? Cha! Awusoze!
Uma ngingakugezi Petru, awunasabelo nami.
Nkosi, akungabi izinyawo zodwa kepha nekhanda nezandla zami!
Ogeziweyo kadingi lutho, kuphela ukugezwa izinyawo, kepha ugezekile wonke.
Ningibiza nithi, Nkosi, Mfundisi, nisho kahle, ngokuba ngiyikho. Njengoba nginigeze izinyawo zenu, kufanele nenze njalo nakwabanye.
Omunye wenu uyakungikhaphela.
Kungaba yimi?
Akusoze!
Juda, okufanele ukwenziwa nguwe, kwenze masinyane!



Yenzani lokhu njalo ukuba ningikhumbule...
Thabathani nidle, lokhu kungumzimba wami.
Thabathani lesisitsha, lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi. Ngalendlela uNkulunkulu wenza isivumelwano esisha nani.
Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane njengalokho nginithandile.
Uma kukhona loluthando phakathi kwenu, ngalokho bonke bazokwazi ukuthi ningabafundi bami.
Nkosi, ngiyakulandela noma uyakuphi. Ngizodela ukuphila kwami ngenxa yakho.
Petru, ngesikhathi lingakakhali iqhude uzongiphika kathathu.



Emvakwesikhati ngaleyomtambama, uJesu nabafundi bahke basuka edolobheni. UJuda wayengekho kubo...
Ngizonishiya ngiye kuBaba, kodwa uBaba wethu osezulwini uzonithumela uMoya oNgcwele. Uzonisiza, futhi uzohlala nani njalo.
Nalapho ngiyakhona niyayazi indlela.
Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.
Hlalani lapha, ngisaya kokhuleka laphaya.
"Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lokhukuhlupheka."
Nokho, kungabi njengokuba mina ngithanda kodwa njengokuba wena uthanda!





Nilaleleni na? Vukani! Ongikhaphelayo usesondele!
Nizobamba loyo engiyakumanga.
Sawubona, Rabi!
Juda, ukhaphela uMesiya ngokumanga na?
Nkosi, sesingalwa na?
Cha-bo!
UJesu wabadedela ukuba bamthathe. Abalandeli bakhe bahlakazeka babaleka.


UJesu wathathwa wasiwa kumpristi omkhulu, kumphathi omkhulu wabapristi abakhulu bamaJuda. UPetru noJohane balandela kude.
UPetru wangena egcekeni lapho okwakuzothethwa khona icala.
Ubungahambi naye na?
Cha-bo, angimazi lomuntu.
Awusiye omunye wabafundi bakaJesu na?
Cha-bo, angimazi ngokumazi!
Ngiqinisekile. Ubukhona! UngumGalile!
Angazi ukuthi ukhuluma ngani.



Lakhala iqhude.
Woza lapha, siprofethele. Ngubani okushayile na?
Ekuseni uJesu walethwa emkhandlwini wabapristi abakhulu bamaJuda.
UyiNdodana kaNkulunkulu na?
Kunjengokuba usho.
Uyahlambalaza, ufanele ukufa. AmaRomani mawathethe amacala!



UJesu walethwa kumbusi wamaRomani, kuPilatu. Abapristi abakhulu bagovuza labo ababebukela. Babemementeza onke amacala abamethwesa wona.
Uthini ngawo onke amacala othweswa wona na? Awusho lutho na?
Wenzeni na?
Sengifike ukuba ngifakaze iqiniso.
Liyini iqiniso?
Angifumananga cala kuye. Kungumkhosi wePhasika. Ngubani ofanele nginikhululele yena na? UBaraba noma iNkosi yamaJuda na?


Bhekani! Nansi indoda!
Mbethele!
Mbethele!
Mbethele!
UPilatu wanquma ukuba abulawe. Ukubethelwa kwakuyisijeziso sukufa kabuhlungu. UJesu wathwala ugodo lwesiphambano ezindleleni zaseJerusalema.
Indawo yokubethelwa yayingaphandle kwedolobha laseJerusalema. Yayibizwa ngokuthi iGolgotha okungukuthi indawo yeKhanda.
Lapha amabutho abethela uJesu ngezipikili esiphambanweni.



Emva kwesikhashana, uJuda uyazisola ngalokhu akwenzile.
Ngenze iphutha.
Ngikhaphele igazi lomuntu ongenacala.
Asinandaba nalokhu. Inkinga yakho leyo!
UJesu uyabethelwa phakathi kwezilelesi ezimbili.
"Baba, bathethelele, abakwazi abakwenzayo."



Kwabekwa umbhalo phezulu esiphambanweni sakhe obhalwe ngezilimi ezintathu uthi : "Lo uyiNkosi yabaJuda.".
UJesu akavumi ukuphuza isiphuzo esiqeda izinhlungu.
Amabutho abelana izingubo zakhe ngokwenza inkatho.
Yebo! Abanye wabasindisa na?
Uma uyiNdodana kaNkulunkulu zisindise! Yehla esiphambanweni!
Zisindise wena kanye nathi!
Nawe awumesabi uNkulunkulu. Thina sithole esikulingene nesikwenzile, kepha yena akenzanga lutho.
Jesu! Ungikhumbule uma ungena embusweni wakho!
Ngiqinisile ngithi kuwe : "Namuhla uzoba nami eParadisi."



Ngehora leshumi nambili ilanga lafiphazeka.
Kwabamnyama yonke into.
UMariya, unina kaJesu, noJohane, umfundi kaJesu babemile eduze nesiphambano.
"Manje usungumama nendodana".
"Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?"
"Ngomile."
"Baba! Ezandleni zakho ngiyawubeka umoya wami."
"Kufeziwe."



UJesu wafa ngehora lesithathu ntambama. Omunye wombutho wamgwaza uJesu ngasohlangothini, kwaphuma amanzi negazi.
Kuthiwa eziNcwadini : "Wayedonswa njengewundlu eliyohlatshwa."
"Wahlatshwa futhi echotshozwa ngenxa yezono zethu." Kodwa manje usefile.
Kungabe nguyena onguMesiya owayezofika noma cha bo?
Woza, sicele ukuthi singamngcwaba yini.
UJosefa waseArimatheya noNikodemu bathatha isidumbu sikaJesu. Basethula basisonga ngendwangu basibeka ethuneni ela-liqoshwe edwaleni, bagingqela itshe elikhulu emnyango wethuna.


Selidlule isabatha, okusho ukuthi kwakuseyiPhasika, abesifazane abambalwa ababelila baya ethuneni elalivaliwe ngokomthetho...
Itshe lisusiwe!
Nimfunelani ophilayo kwabafileyo na? Uvukile. Hambani nitshele abafundi bakhe!
UPetru noJohane bagijima baya ethuneni ngenkathi bezwa lokhu.
Kwenzekeni?
Alinalutho!



Ensimini eseduze kwethuna...
Mame, ukhalelani na? Ufuna bani?
Mnumzane, kungabe umthathile na?
Mariya!
Nkosi!
Ungangibambi. Tshela abafowethu ukuthi ngibuyela kuBaba wami futhi okuwuBaba wenu, kuNkulunkulu wami futhi okunguNkulunkulu wenu.


Ngalolusuku abanye babafundi bakaJesu babemangele behamba bekhulumisana ngezindaba ezenzekile zokubethelwa kukaJesu.
Anikholwanga kubaprofethi na? UMesiya ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokho aze angene enkazimulweni yakhe na? Konke lokhu kwakubhaliwe eziNcwadini.
Kwathi besahlezi ngesikhathi sokudla isivakashi sabo sanyamala...
Kodwa bekunguJesu uqobo!
Basuka ngaso lesosikhathi bayofuna abanye abafundi bakaJesu.
Siyibonile iNkosi!
UMariya noPetru nabo futhi bambonile!
Ngokuphazima...
"Ukuthula makube kini."
Anikholwa yini ukuthi yimina na? Bhekani ezandleni zami nasezinyaweni zami!
Nkosi yami, Nkulukulu wami!


UJesu uzibonakalisa kubafundi bakhe ezinsukwini ezingamashumi amane ezilandelayo. Futhi uzibonakalisa kubantu abangamakhulu amahlanu ngasikhathi sinye.
Ngelinye ilanga abanye bababfundi bakaJesu babedoba olwandle lwaseGalile...
Kukhonani esingakudla na?
Asibambanga lutho!
Phonsani amanetha enu laphaya!
O' Nkosi yami, sibambe ezingaka!
KuyiNkosi!
Nkosi!
Nizokudla kanye nami na?


Simoni Petru, uyangithanda na?
UJesu ubuza uPetru lombuzo kathathu...
Yebo, Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda.
Bheka izimvu zami!
Ngilandeleni!
Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli, nenza zonke izizwe zibe-ngabafundi bami nibhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise konke enginitshele khona.
Khumbulani. Nginani nsukuzonke kuze kube-sekupheleni komhlaba.
Emva kokukhuluma lamazwi uJesu wenyuka, waya ezulwini. Kodwa wayeshilo ukuthi usazobuya azokwahlulela bonke abantu...


UJesu esehambile, abafundi balinda eJerusalema, bethandaza. UMoya oNgcwele, uMoya kaNkulunkulu, wabagcwalisa. UMoya ofanayo nalona owayekuJesu futhi uhlala kubo. Ubaphumelelisa ukuba babe-ngabantu abasha abafakaza ngamandla ngoJesu.
Umbiko wamenyezelwa nangezincwadi.
Ukufa akumbambanga uJesu; uNkulunkulu wambuyisela empilweni yakhe wamenza waba-yiNkosi, uMesiya.
Abafundi bakaJesu baphuma bafakaza ngalokhu ukunqoba, noma bahlushwa ngabantu.
UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu!
Wazithwalela izono zethu ngomzimba wakhe ngenkathi efa esiphambanweni. Yingakho sifile maqondana nesono kanti futhi kusukela manje singaphila ngendlela uNkulunkulu afuna siphile ngayo.
Namanje abalandeli bakaJesu basahlangana ndawonye emhlabeni wonke bathandaze, bafunde iBhayibheli kanyekanye. Bahlephula isinkwa baphuze iwayini bakhumbule ukufa kukaJesu. Kuyisifiso sikaNkulunkulu ukuba babelane ngothando lwakhe oluhlala ezinhliziyweni zabo.



UJesu wazifeza izinhloso zikaNkulunkulu kubantu ukuba zenzeke.
UJesu uyasithanda! Masimbonge futhi simdumise!
UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana yakhe eyodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kepha abe-nokuphila okuphakade.
WILLEM DE VINK

OKUNYE NGOJESU.

Kwakukhona ofakazi abane ngesikhathi sikaJesu ababhala izincwadi ngoJesu. Lezizincwadi (amavangeli) zahlanganiswa ndawonye eBhayibhelini.


NGOKUKAMATHEWU.
UMathewu wayengomunye wabafundi bakaJesu abayishumi nambili. Wahlangana nabo ngenkathi uJesu embiza esebenza endlini lapho kuthelwa khona intela eKapernawume. Abantu babemangele ukuthi uJesu ufuna ukubanbisana nabathelisi. UMathewu wafakaza ngezindaba eziningi ngalokhu akubhalile.


NGOKUKAMARKU.
UMarku wabhala ivangeli elincane (incwadi ekhuluma ngempilo kaJesu yonke esho ukuthi ("izindaba ezinhle"). Kwakunguye kuphela ingane ngenkathi uJesu esebenza kwaIsrayeli. UMarku wayehamba kakhulu noPetru. Kwenye yezincwadi zakhe uPetru umthatha njenge "ndodana yakhe." Ekugcineni uMarku wayesehamba noPawulu owayeyindoda eyadlulisa umbiko kaJesu eYurobhu.

NGOKUKALUKA.
ULuka wabhala ivangeli nanxa wayengekho siqu sakhe lapho. Wayengudokotela engumGreki, waze wakholwa kuJesu. Wayehamba kakhulu noPawulu.
ULuka wayevakashela ofakazi yena uqobo ukuze athole yonke indaba ngoJesu. Waphinda wabhala ngolwazi lwamakholwa okuqala kanye nokuthi isonto lokuqala lamaKristu lalimiswa kanjani. Yaba incwadi eBhayibhelini ebizwa ngokuthi "Izenzo".

NGOKUKAJOHANE.
UJohane wahlala ethembekile kuJesu ngisho esesiphambanweni. Ekugcineni kwevangeli lakhe wabhala ukuthi "UJesu wenza nezinye izinto eziningi. Ngibhale lezizinto ukuze ukholwe ukuthi uJesu unguMesiya owathenjiswa, ukuze ube nempilo egameni lakhe."
Kubo bonke abalandeli bakaJesu, uJohane nguyena kuphela owaphila impilo ende. Ekugcineni uJohane wathola umbono kaJesu njengoba enjalo manje, iNdodana kaNkulunkulu enenkazimulo. Kwabhalwa encwadini yeSambulo.

NAWE FUTHI!
Indaba kaJesu ayikapheli. Eminyakeni yezinkulungwane iqhubekile ezimpilweni zabantu abaningi. Ingaqhubeka futhi nasempilweni yakho. UJesu ufuna ukukukhombisa uthando lwakhe futhi akwenze kuphumelele ukuba wazi uBaba wakhe uNkulukulu. Ukwenza lokhu ngendlela efanayo nanamuhla nendlela enza ngayo kubalandeli bakhe bokuqala : uzothumela uMoya wakhe oNgcwele ukuba ahlale kuwe ukuze ashintshe impilo yakho ngaphakathi nangaphandle. Okwakumnyama kuzoba-mhlophe, okwakuzogcina ekufeni manje kuzobheka empilweni yangaphakathi. Bonga uJesu, ukuba inhloso kaNkulunkulu ngempilo yakho igcwaliseke.





JESUS MESSIAH  This is the true story of Jesus Messiah. He lived in Israel about 2000 years ago. Everyone who met Him was astonished. Nobody had ever done what He did. Nobody had ever said the things He said. Miracles kept occurring where Jesus was. And He brought joy and happiness to all who cared to listen to Him. Yet suddenly it came to an end. His enemies had Him executed. But that was not the end. Read for yourself how it happened and see how the story of Jesus Messiah continues!

This book is a unique version of the Gospel. The story is taken from the four Gospels as they appear in the New Testament.

language : Zulu
ISBN : 90 6534 036 X